



Special
Days

LESSON PLANS

for

Internationally recognized

SPECIAL DAYS

[with an animal component]



The **United Nations** has designated certain days in the calendar as **International Days** in order to shine a spotlight on **important aspects of human life.**



15 MAY

The content of this
Lesson Plan supports
the
International Day
of **families**

15 May
INTERNATIONAL
DAY OF



FAMILIES



There are three main types of family:

Traditional family

Made up of two parents with one or more children all living together.


Single-parent family

One parent with one or more children all living together.

Extended family

Includes relatives like grandparents and aunts and uncles, all living together.

No matter how many people the family consists of, it is true to say that a loving and supportive family is something to be treasured.



Ubongi noBongisile

Ibhalwe nguTozie Zokufa

Ekuseni ngesonto elalishisa uBongi noBongisile bagqoka izingubo zabo zesonto ezinhle kakhulu baya esontweni nobaba wabo uMnu. Zondi. Izinsuku ezimbili ezandulela lolo zazikade zishisa kakhulu. Amabhungezi ayesevele echwaza kakhulu ezihlahleni ezwakalisa ukuthi nalolu suku futhi luzoshisa kakhulu. Ngesikhathi behamba nabafana bakhe abangamawele emgwaqweni owubhuqu, uMnu. Zondi wema ocingweni lwesibaya ukuze ahlole izinkomo neziklabhu zakhe.

Waziqhenya ngokuzibona zikhuluphele futhi zeneme. UNkk. Zondi akazange aye esontweni ngalolo suku. Wasala ekhaya ukuze alungiselele isidlo sasemini sangeSonto. Wapheka i-potjiekos emnandi kakhulu, okwakuyintandokazi yomndeni wakhe.


Maphakathi nezikhathi zasekuseni, kwasekuqalile ukugcwala kwamafu ampunga esibhakabhakeni. Ngesikhathi besamile becula iculo elithi Avulekile Amasango, Ezulwini uBongi noBongisile bezwa ukuduma okukhulu kwezulu kude. Ngesikhathi uMnu. Zondi kanye nabafana bakhe bephuma esontweni, imvula yase iqalile ukuna kancane. UBongi noBongisile bavala ngci amehlo abo base bebheka esibhakabhakeni. Badonsa umoya kakhulu ukuze bezwe ukunuka kamnandi kwenhlabathi emanzi.

Umnu. Zondi wayekhathazeke ngezinkomo neziklabhu zakhe. Ukuduma kwakuya ngokusondela. Umbani wadweba umugqa esibhakabhakeni. Amaconsi emvula aya ngokuba makhulu. Kwakusamele bahambe ibanga elide ukuze bafike ekhaya. Wayazi ukuthi izinkomo neziklabhu zakhe zazikusaba ukuduma okukhulu kwezulu. "Ake sithi ukugijima kancane size siyofika ekhaya," wenza isiphakamiso kubafana.



Babemanzi te bobathathu ngesikhathi befika ekhaya. UMama wabalinda emnyango namathawula. Iphunga elimnandi elaliqhamuka ekhishini lenza baconsa amathe kodwa uMnu. Zondi wathi ufuna ukwenza isiqiniseko kuqala sokuthi ukuduma kwezulu akuzange kuphazamise kakhulu izinkomo neziklabhu zakhe, ngaphambi kokuba ahlale phansi adle.

Ebusuku, imvula yayilokhu iyithelile. UMnu. Zondi wacela abafana bakhe ukuthi bamsize ukuthi afake isihlabathi kanye notshani esibayeni ukuze izinkomo zanye neziklabhu zizolala esibayeni zomile futhi zifudumele ebusuku. Kodwa uBongisile wathi: “Baba, ngikhathele kakhulu. Kungcono kube uBongi okusizayo.” UMnu. Zondi wadumazwa ubuvila bendodana yakhe. Waphendula wathi: “Kulungile, kodwa-ke, ndodana yami, ungalindeli ukuthi izinkomo neziklabhu nazo kube khona ezikwenzela kona.” Ehleli ngokuziphumulela kusofa, uBongisile wavuma ngekhandu wazamula kakhulu.



Ubongi kanye nobaba wakhe bagqoka amajazi emvula eplastiki. Baya emnyango esibayeni ukuze bafake isihlabathi bese behhala utshani phezu kwaso. Ngale ndlela imvula ibizongena otshanini yehlele esihlabathini ishone phansi emhlabathini, bese izinkomo kanye neziklabhu zikwazi ukulala ngalobo busuku phezu komendlalo kunokuthi zilale emadamini amanzi. Ngesikhathi uMnu. Zondi nendodana yakhe besebenza, izilwane ezimanzi zazimi ndawonye eceleni, zetshisa ngokubekezela, zazi kamhlophe ukuthi maduze-nje zizobe sezikwazi ukulala ngokuthokomala.

Ngosuku olulandelayo uMama walungisa isidlo sasekuseni. Amawele ayesehleli etafuleni ngesikhathi uBongisile eqaphela ukuthi umama wakhe ukhohliwe ukufaka ubisi endishini yakhe yephalishi. “Ngicela ungidlulisele ubisi,” washo kuBongi. Kodwa ubaba wakhe washeshe wamphendula. “Cha, Bongisile,” washo. “Khumbula ukuthi akumele ulindele lutho ezinkomeni.” UBongisile wabuyisa izinhlonzi. Wanikina amahlombe ngentukuthelo.

Ngesikhathi sekhefu lesidlo sasemini esikoleni uBongisile waqaphela ukuthi amasemishi asesitsheni sakhe sesidlo sasemini ayengenawo ushizi. Wabuka isitsha sikaBongi sesidlo sasemini. Amasemishi kamfowabo ayegcwele ushizi ohuzuliwe. Wazizwa efisa ukushaya uBongi ngesibhakela ekhaleni.



UBongi wabona ukuthi iwele lakhe lalithukuthele.
“Ngizotshela uMama noBaba uma uke wangithinta-nje,”
exwayisa uBongisile. “Awusakhumbuli?” awuzange usize
izinkomo neziklabhu izolo. Yimina kuphela osize uBaba.”

Ngesikhathi amawele efika ekhaya ngemuva
kokuphuma kwesikole uBongisile wabona umama wakhe
ematasatasa epheka uphuthu lwamasi oluzodliwa
ngesidlo sasebusuku. Wavele wazazela ngaleso sikhathi
ukuthi angeke awathole Amasi ngalobo busuku.

Ngesikhathi ubaba wakhe efika evela emsebenzini. UBongisile wagijima wafike wambingelela.

“Baba, yini engingayenza ukuze ngisize izinkomo neziklabhu? Ngiyazi ukuthi ngizicabangele mina
ngedwa futhi ngavilapha izolo. Sengisifundile isifundo sami.”

Umnu. Zondi wabuza: “Isiphi isifundo osifundile, ndodana?”

UBongisile waphendula ekhophoza: “Ngiyazi ukuthi impilo imayelana nokuthi unikeze bese uthola ayi
ngokuthi uthole kuphela.” Washo.

“Kuhle lokho”, kusho uBaba. “Woza sikhulume ukuthi ungaba kanjani usizo.”



NOTE
TO
TEACHER

Encourage class discussion

about the following statements inspired by the story,
and give learners the chance to express their own related experiences.
Learners can also be asked to put ***their thoughts into sentences.***



A happy family...

is one where **parents love their children unconditionally.** Mother demonstrated her love in the following ways:

- Mother **prepared** delicious and healthful **meals** for her family
- Mother **waited** at the door with towels **to help dry** her drenched family
- Mother **supported** Father in **teaching** that there are consequences to every action



your thoughts

.....

.....

.....

A happy family...

is one where the **children are protected** against bad influences like alcohol and drugs, and **are safe** from people wishing to take advantage of them. Here is an example of Father's protection of his twins:

- Father did **not** send his children to worship **on their own**.
- He took the journey to church and back **with them** so as to be sure they were **safe** from harm.



your thoughts

.....

.....

.....

A good parent...

is a role model, **leads by example** and does not punish physically or emotionally. Instead, a good parent **helps children understand** that there are consequences to every action. For example:

- Father did not order the twins to go and lay dry bedding down for the cows and sheep while he lay on the couch. Instead, he **led by example and set to work himself.**

- Although Father was disappointed that one of his twins was too lazy to help, he did not shout or demean or become violent, but simply **advised his son to expect consequences for such laziness.**



your thoughts

.....

.....

.....

Good parents...

demonstrate family **values of care and concern** for others, including animals. Responsibility for the **well-being of animals** is based on the **Five Freedoms for Animals**.

We know the family looked after their animals well, because:

- The sheep and cows were **fat and contented**.
- **Father** was in a hurry to get back to the animals because he **knew they would be afraid** of the big claps of thunder.
- The sheep and cows were given special bedding to **keep them dry and warm** for the night.



your thoughts

.....

.....

.....

*Note to
Teacher*

***Explain to the learners
that Father ensured his
animals enjoyed the
Five Freedoms for Animals.***

***These principles
are endorsed by the
World Organization for
Animal Health.***

5 IZINKULULEKO EZINHLANU Zezilwane



5 FREEDOMS FOR ANIMALS

Endorsed by the World Organization for Animal Health

Inkululeko yokungomiwa, ukungalambi kanye
nokunganikwa ukudla okungenamsoco

Inkululeko yokungaphathwa kabi

Inkululeko yokungabi nezinhlungu,
ukulimala kanye nezifo

Inkululeko yokubonisa ukuziphatha okwamukelekile

Inkululeko yokungesabi kanye nokungabi nosizi



A good parent...

encourages family **togetherness** and tries to make meal-time a family-together time. For example:

- Mother made good and delicious food for the family to **eat together** at the table.
- Mother **supported Father** in keeping family rules and showing that there are **consequences** to every action.



your thoughts

.....

.....

.....

Good parents...

encourage children to **discuss things** that are causing them concern or anxiety, without passing judgment, and **by keeping their confidence.**

- When the (previously) lazy twin ran up to Father to offer help in caring for the cows and sheep, **Father was pleased and encouraged** his son's change of attitude **with discussion and support.**



your thoughts

.....

.....

.....

- These **insects** were buzzing loudly in the trees promising that the day was going to be hot:
- Mother stayed home to prepare this **special Sunday meal**:
- Father stopped at the fence to inspect his cattle and sheep. There was something that **pleased** him. What was it?
- Father knew his cattle and sheep were **afraid** of this:
- Father felt this **emotion** about his son's laziness:
- The lazy twin noticed that the sandwiches in his lunch box did not have a certain **ingredient** in them:
- The absence of this ingredient made him feel this **emotion**:



● The story tells us that the lazy twin learned this important **lesson**. What is it?

.....

.....

● The World Organization for Animal Health supports these **five principles** in our care of animals:

.....

.....

.....

.....

.....

